Publication: Isolezwe (Sport)
Publication Date: 12 May 2017
Page: 21

AVE: 35819.70
Circulation: 90724
Part: 1 of 1

# 'Kufanele silwele ukufa nokuphila kowokugcina'

ZAKHELE XABA

UMQEQESHI waMaZulu, uJoey Antipas, ufuna abadlali bakhe bafele enkundleni emdlalweni wokugcina weNational First Division (NFD) ozocacisa ngokungena kwaleli qembu kuma-Play Off azoba sekupheleni kwenyanga.

Usuthu lubhudluze iJomo Cosmos ngo 5-1 emdlalweni weNFD eKing Zwelithini Stadium, eMlaza, ngoLwesithathu ntambama. Lo mphumela ubeke AmaZulu, anamaphuzu angu-47, ethubeni lokuthola indawo yesibili kuma-Pay Off ngoba eyokuqala isivele ithathwe yiBlack Leopards kaDavid Thidiela ngamaphuzu angu-50.

Isicoco seligi siwinwe yiThanda Royal Zulu ezonikezwa indebe ngokusemthethweni ngemuva komdlalo wayo wokugcina neKings United eSugar Ray Xulu Stadium, eClermont, ngeSonto ntambama. Ukushuba kombango wendawo yesibili yama-Play Off yikhona okwenza u-Antipas abatshele ngokungahlonizi abadlali bakhe ukuthi kufanele balwele ukufa nokuphila uma sebebhekene neFC Cape Town eNKK Stadium, eKapa, ngeSonto.

Amanye amaqembu asenethuba yiStellenbosch (ezobhekana neSantos esidliwe yizembe), Royal Eagles neWitbank Spurs abazogadulisana ePuma Rugby Stadium. Kwenzeke



UMQEQESHI waMaZulu uJoey Antipas ubambe umoya ngokuthi iqembu lakhe lizibekisele indawo kuma-Play Off okunyukela ku-Absa Premiership Isithombe: BACKPAGEPIX

obekungalindelekile izimbangi zoSuthu zihluleka ukuthola amaphuzu agcwele emidlalweni yangoLwesithathu.

"UMdali ungumenzi wemilingo. Usenzele lowo mlingo kodwa kunomdlalo esibhekene nawo. Kufanele silwe kuze kube sekugcineni, sizame ukungena kuma-Play Off. Asinaso isikhathi eside sokwenza amalungiselelo, sinezinsuku ezimbalwa. Abadlali kufanele bagxilise imiqondo yabo ngoba bayathanda ukuyodlala ku-Absa Premiership, kuyiphupho labo, ngakho asiliphile lelo phupho," kusho u-Antipas.

Emuva komdlalo ngoLwesithathu, abadlali baMaZulu bavume ingoma nabalandeli. UMabhudi Khenyeza uyena obebiza ingoma neziqubulo kuchwaze inkundla. Usuthu luzodlala ngaphandle kwesethenjwa uSiyabonga Nomvete ozobe edonsa isigwebo samakhadi aphuzi. Amaqembu azogadulisana kuma-Play Off azoqhathwa ngoLwesibili. Imidlalo izoqala ngoMeyi 31 kuya kuJuni 17.

"Sifuna ukuwinela abalandeli, sifuna ukuthi bajabule. Sifuna ukuzama ukubalethela injabulo ngeSonto. Emdlalweni weFC Cape Town kuzoba yimpi, iqembu elivika izembe nelilwela ukungena kuma-Play Off.

"Kuyibhadi ukuthi ngeke sibe naye uBhele ngenxa yamakhadi kodwa uMabhuti simkhiphile ukuze alungele umdlalo wangeSonto. Isipiliyoni asithengwa ebholeni. Laba badlali bayikhathulile indima yabo futhi basazoqhubeka nokwenza lokho," kuphetha u-Antipas.

**Imidlalo yeNFD:**

**NgeSonto ngo-3 ntambama:** Black Leopards v Mthatha Bucks (Thohoyandou Stadium); Jomo Cosmos v University of Pretoria (Tsakane Stadium); Witbank Spurs v Royal Eagles (Puma Rugby Stadium); FC Cape Town v AmaZulu (NNK Rugby Stadium); Stellenbosch FC v Santos (Athlone Stadium); Cape Town All Stars v Milano United AF (Parow Park); Mbombela United v Magesi FC (Kanyamazane Stadium); Real Kings FC v Thanda Royal Zulu FC (Sugar Ray Xulu Stadium)

This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.